Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric

Collected and collated by

teachme2

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

LWEZI 2022

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 70

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-9.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo eyenza athole amamaki.
.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/ UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo eyenza athole amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   A. UKhethi/A (okuwuhlamvu oluphelele)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

1.1
- Umuntu uyaye azithathele yena uqobo isinqumo sokunikela ngezitho zakhe zomzimba komunye umuntu.√
- Umuntu angavuma ukuthi isitho sakhe somzimba sikhishwe esaphila siyofakwa komunye umuntu.√
- Ilungu lomndeni osondelene kakhulu nomufi linganquma ukuthi izitho zikamufi kunikelwe ngazo.√

(Okubili kwalokhu.) (2)

1.2 Yingoba inani labantu abadinga usizo lokuthola izitho zomzimba lilikhulu kakhulu futhi landa mihla namalanga√ kanti inani lalabo abanikelayo ledlulwa yileli labadinga usizo.√ (2)

1.3 Yibo bonke abantu kusukela ezinganeni ezizalwa zinezifo√ kuze kufike kwabadala abanezifo nabalimala ezingozini ezahlukahlukene.√ (2)

1.4 Esigabeni sesi-4 umndeni awunikeli ngezitho zomzimba ngoba uhambelana nenkolelo yokuthi izitho zomzimba azihlukaniswa nomninizo ngokusaba ulaka lwabaphansi.√ Esigabeni sesi-5 kukhulunywa ngokuthi bakhona abantu abakujabulelayo ukunikela ngezitho zomzimba ngoba kusindisa imiphefumulo.√ (2)

1.5 B/uzobuye ajwayele okusha.√ (1)

1.6 Odokotela abaseqophelweni eliphezulu yilabo abazithuthukisayo emfundweni yabo ngokusebenzisa izitho zomzimba ezinikeliwe.√ Lokho kudala ukuthi ucwaningo lwabo lushaye emhlolweni ngoba basebenzisa izitho zangempela.√ Kuba lula ukwazi inani labantu abafuna ukunikelelwa ngezitho zomzimba.√ (3)

1.7 Umbhali uhlose ukufundisa abantu ngokubaluleka kokunikela ngezitho zomzimba.√√/Ukugqugquzela abantu ukuba babambe iqhaza ekusizeni abantu abadinga usizo lwezitho zomzima ezingasindisa impilo yabantu.√√ (2)

1.8 Abantu bangafundiswa ngokubaluleka kokunikela ngezitho zomzimba, nalabo abanentshisekelo yokunikela bangahlulelwa kepha bacabange bajule ngomvuzo walesi sipho.√√/Mabavulwe amehlo abantu ngezindlela ezintsha zokusindisa abantu kanye nemindeni yabo nabo uqobo lwabo.√√ (2)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

1.9 Lesi sitatimende sichaza ukuthi akusiwona amanga ukuthi bonke abantu bahlala befunda njalo empilweni.√Lokhu kuba yiqiniso ngoba abantu abafundile basuke benolwazi lwemikhakha yemfundo abayifundela kodwa abanalo ulwazi olugcwele ngeminye imikhakha njengoba iningi lingenalwazi lwenqubo yokunikela ngezitho zomzimba.√ (2)

1.10 Lesi simo sokukhuluma sichaza abantu asebedlulile emhlabeni siyahambelana nalesi isiqeshana ngoba sikhuluma ngokunikela ngezitho zomzimba ukuze kusindiswe impilo yabantu.√√ (2)

UMBHALO B (Obukwayo)

1.11 Esithombeni soku-1 kukhona isandla esiphethe inhliziyo okubukeka sengathi siyidlulisela kwesinye isandla kanye nesithombe sebhanoyi esisho ukwedlulisa usizo lokuhambisa inhliziyo ngokushesha.√√ (2)

1.12
- Esithombeni sesi-2 kukhona abantu ababili abalele emibhedeni kanti esithombeni sesi-3 kukhona abantu ababili abahleli ezihlalweni.√
- Esithombeni sesi-2 kukhona isitho somzimba okungaba yinso ephakathi kwalaba abalele kanye nemimese nezikele kanti esithombeni sesi-3 oyedwa walaba bantu uphethe iphepha elibukeka safomu.√ (2)

1.13 Umqondo oqukethwe yile mibhalo yomibili iyefana ngoba kukhulunywa ngocwaningo olusebenzisa izitho zomzimba zangempela okungaba amehlo, inhliziyo nezinso.√√ EMBHALWENI A isigaba sesi-7 abezempilo benza ucwaningo ngezitho zomzimba ezinikelwa ngabantu.√ EMBHALWENI B esithombeni sesi-4 sibona izithombe zezitho zomzimba ezahlukene.√ (4)

1.14 Ngokubona kwami kungenziwa imikhankaso yokufundisa umphakathi ngokubaluleka kokunikela ngezitho zomzimba ukuze ube nolwazi olwanele mayelana nalesi senzo esihle sokusiza abanye abantu.√√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo zokwamukeleka.) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

UMBHALO C

AMAPHUZU ACASHUNIWE		AMAPHUZU OWABEKE NGAMAGAMA AKHO	
1	Bhala izinhlelo nesikhathi ozozibukela ngaso ukuze uqiniseke ukuthi awuchithi isikhathi ngokubuka izinhlelo ezingenasidingo kuwe.	1	Hlela isikhathi sakho sokubuka umabonakude ukugwema ukuchitha isikhathi sezinhlelo ongazidingi.
2	Yiba nongakwenza njengemidlalo edlalelwa ngaphandle uma uzizwa unesizungu.	2	Ukuzivocavoca nokubamba iqhaza emidlalweni eyahlukahlukene kuyelekelela ekutheni uhlale unokuthile okwenzayo.
3	Gwema ukulalela ingxoxo yabangani noma yomndeni uma bexoxa noma bekuxoxela ngezinhlelo ongazibuki kumabonakude	3	Ungazihluphi ngokuthatha konke okuxoxelwa ngabangani bakho okubajabulisayo ngokubuka umabonakude.
4	Zifundele izincwadi, uhlanganyele namaqembu abafundi bezincwadi nixoxe ngalezo zincwadi enizifundile.	4	Yiba yingxenye yamakilabhu afunda izincwadi ukuze nicobelelane ngolwazi.
5	Bukela umabonakude nomndeni wakho endlini yokuphumula, ungawufaki egunjini lokulala.	5	Asikho isidingo sokuba nomabonakude egunjini lakho lokulala, ungabukela lowo osegunjini lokuphumula umndeni.
6	Thola indlela yokuchitha isikhathi enenzuzo nefundisayo.	6	Okunye ongakwenza ukufunda nokusungula umsebenzi ozokwenzela imali.
7	Ukuvakasha nokungcebeleka kungasiza ekusebenziseni isikhathi kahle.	7	Kungakulekelela ukuchitha isikhathi ngokuvakashela izindawo.

Hlela isikhathi sakho sokubuka umabonakude ukugwema izinhlelo ongazidingi. Ukuzivocavoca nokubamba iqhaza emidlalweni eyahlukahlukene kungalekelela ngoba uhlale unokuthile okwenzayo usuku nosuku. Ungazihluphi ngokufuna ukuthatha konke okuxoxelwa ngabangani bakho okubajabulisayo abakubone kumabonakude ukuze ugweme ingcindezi. Okunye ongakwenza ukubamba iqhaza emakilabhini ezincwadi ngokucobelelana ngolwazi nokubhala izindaba. Asikho isidingo sokuba nomabonakude egunjini lokulala, ongakwenza ukubukela ngokuhlanganyela nomndeni egunjini lokuphumula nixoxe ezosuku. Osomnotho bacebisa ngokuthi ungasungula umsebenzi ozokwenzela imali. Kungakuhle ukuchitha isikhathi ngokuthi uvakashele izindawo.

[Inani lamagama - 70]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

Indlela yokumaka ukufingqa

Ukumaka lo mbuzo wokufingqa kweyeme ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.
Iphuzu elifingqiwe kumele limakwe ngale ndlela.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
  - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 4–5 acashuniwe, nikeza imaki eli-1 lolimi.
  - 2-3 acashuniwe, nikeza amamaki ama-2 olimi.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe, kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

QAPHELA: Izinkomba zamaphuzu acashuniwe (C) bese kuthi ahunyushiwe (H).

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

INDLELA YOKUMAKA:

- Isipelingi:
  - Impendulo eyigama elilodwa mayinikezwe iphuzu noma ngabe isipelingi sinamaphutha, ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wempendulo.
  - Uma impendulo idinga umusho ophelele, umfundi akanikwa imaki uma impendulo yakhe inamaphutha ezakhiweni zolimi okubuzwe ngalo.
  - Lapho kubuzwe khona isifinyezo, impendulo mayibe nezimpawu zokuloba ezifanelekile.
    Isb. Umnumzane – Mnu.
- Izakhiwo zemisho mazibhalwe ngokufanelekile kulandelwa uhlelo nezakhiwo zolimi futhi zibhalwe zibe imisho ephelele/ngokomyalelo onikeziwe.
- Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje:
  C/Imizuzwana engama-60 (okuwuhlamvu oluphelele)

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

3.1 Sibhekiswe kubantu ababhema ugwayi bese belahla izinqamu zikagwayi.√ (1)

3.2 Umbhali usebenzise amagama abhalwe ngefonti enkulu ukugqamisa amagama ale nhlangano egqugquzela ukongiwa kwemvelo.√√ (2)

3.3 Ngicabanga ukuthi kungangafakwa izingqwembe ezixwayisa abantu ukuba bangalahli izinqamu zikagwayi noma yikuphi. Kungafakwa imigqomo yokucishela nokulahla ugwayi.√√/Kungaba nezijeziso ezisemthethweni ezikhishwa uhulumeni mayelana nabazotholakala belahla noma yikuphi.√√ (2)

3.4 C/inkinga nesixazululo. (1)

3.5 Kuphoqwa ababhemi bogwayi ukuba bayeke ukubhema ngoba kungumkhuba oyingozi.√√ (2)

3.6 Isithombe esikulesi sikhangisi sikhombisa owesifazane okhahlela ugwayi omkhulu/omude okungachaza ukuba nzima ukuyeka ugwayi.√ Lokhu kuyahambisana nenhlangano ekhangiswayo egqugquzela ukuyekisa abantu ukubhema ugwayi.√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)
[10]

UMBUZO 4: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

4.1 Igama 'ngicela' lisetshenziselwe ukuveza umuzwa wokuncenga.√ (1)

4.2 Omunye umlingiswa ujabule kanti omunye akajabule.√ Umama ujatshuliswa ukuthi uzosebenza ngaphandle kokuphazamiseka√ kanti ingane idinwa ukuthi umama uzosebenza ngeke adlale nayo.√ (3)

4.3 UThisha uNkala ugcine esethi kuSne, 'Thula umsindo mdlwembe,' ngoba ubesekhathele ukumkhuza njalo engezwa.√√
(Neminye imisho enembayo.) (2)

4.4 Amazwi efreyimini yesi-3 ethula umcabango wokwethuka okhonjiswa esibiyelweni ngoba kulo mhlangano awethamele kukhona umphathi√. Amazwi efreyimini yesi-4 ethula ukwethuka okumenza athethe, amemeze ngoba u-Enzo uyacula.√ (2)

4.5 Umdwebi wale khathuni uwedlulise kahle umyalezo wokuthi abantu abathembeke emsebenzini ngoba izenzo zokungathembeki zigcina zibavezile, bangalahlekelwe ukwethenjwa./ Umdwebi wale khathuni uwudlulise kahle umyalezo wokuthi izingane azifundiswe ukulalela ngoba kwesinye isikhathi uma zingathobeli umthetho wabazali zingagcina zidale umonakalo omkhulu. Ukungalaleli kuka-Enzo kungenza unina alahlekelwe umsebenzi. √√
(Nezinye izimpendulo ezinembayo.) (2)
[10]

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

5.1 Omnandi.√ (1)

5.2 Namuhla balishayile ivaka/igwala alikwazanga ukubaleka.√√
(Neminye imisho enembayo.) (2)

5.3 A/iyachaza. √ (1)

5.4
- Ukuba nezibongo eziningi ukuthola ekungcwekeni.√
- Usuke usufana nenkunzi emidwayidwa.√ (2)

5.5 Isakhi sisetshenziselwe ukuveza umqondo wokwenzela.√ (1)

5.6 Phela izinsizwa amabhubesi, ziyaphelezelana zifike zigezane igazi emfudlaneni.√ (1)

5.7 Lesi sifengqo, usufana nenkunzi emidwayidwa, sisetshenziselwe ukugqamisa ubuqhawe bensizwa esihlabene kakhulu emidlalweni yenduku.√√ (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70